

# UMNYANGO WOKUTHELISA WAKWA-SARS UBAMBE IZIDAKAMIZWA KUMHAMBIBI WESIFAZANE ONEMINYAKA ENGAMA-74 UBUDALA OHAMBA NGESIHLALO SABANOKUKHUBAZEKA

**Pretoria, 8 kuNhlanguvana 2019** – NgoLwesine mhla zi-6 kuNhlanguvana 2019 izisebenzi zoMnyango wokuThelisa woPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (SARS) zibambe umhambi wesifazane oneminyaka engama-74 yobudala ohamba ngesihlalo sabanokukhubazeka esikhumulweni sezindiza e-OR Tambo International Airport ne-heroin ecishe ibe ngu-R500 000 – ebifihlwe kahle esikhwameni sakhe esincane.

Lo mhambi ubanjwe elibangise kwelinye lamazwe asenkabeni ye-Europe. Kuthe uma kuphenywa isikhwama sakhe kwatholakala into esampushana. Kwabe sekuhlolwa ukuba akuzona na izidakamizwa nokutholakale ukuthi bekuyizo ezaziwa nge-heroin.

UMnyango wokuThelisa ubhalise icala lobugebengu esiteshini samaphoyisa esiseduze ngokutholakala nezidakamizwa nokuzama ukushushumbisa izidakamizwa. Umsolwa ube eseboshwa, usalinde ukuvela enkantolo ngamacala abekwe wona.

UMnyango wokuThelisa wakwa-SARS ulokhu ukubonge njalo ukusebenzisana phakathi kwezisebenzi, uMnyango ophenya amacala obugebengu wamaphoyisa kanye nezinye izinhlobo zokuphoqelela umthetho e-ORTIA, okuqhubeka nokuba nemiphumela emihle ekulweni nokushushumbiswa kwezidakamizwa, kusho isikhulu soMnyango wokuThelisa: uMohamed Ally.

Ukuze ubone umfanekiso, cofa lapha.